

Vuk'uzenzele



Produced by Government Communications (GCIS)

Isizulu / English

| August 2016 Edition I

SA gaining ground in AIDS fight



Deputy President Cyril Ramaphosa with the United Nation's Secretary-General Ban Ki Moon at the 21st International AIDS Conference in Durban.

Chris Bathembu

South Africa is set to launch a ground-breaking Antibody Mediated Prevention (AMP) vaccine trial. "This is the most important vaccine trial in seven years that will happen on South African soil led by South African scientists at the Medical Research Council," said South African National Aids Council CEO Dr Fareed Abdullah.

The AMP study is a new idea for HIV prevention that is related to what has been done in HIV vaccine research. In traditional HIV vaccine studies, people are given a vaccine and researchers wait to see if their bodies will make the antibodies against HIV in response. In the AMP study, however, researchers give people the antibodies directly.

Reacting to the announcement, Health Minister Dr Aaron Mot-

soaledi said South Africans should welcome any initiative aimed at finding an effective HIV vaccine.

Speaking to *Vuk'uzenzele* at the 21st International Aids Conference in Durban, Minister Motsoaledi said: "We know that for both TB, HIV and AIDS we need a vaccine urgently. If we can't get one, we won't break the back of these diseases. We need a game changer and a vaccine for HIV and AIDS will be a huge one."

South Africa also used the conference to demonstrate its unique capabilities in the fight against HIV and AIDS.

South Africa hosted the conference this year, for the second time, having first hosted it in 2000. Unlike the 2000 conference that was overshadowed by debates which sought to prove or disprove the clash between the politics of HIV and science, this year's event was characterised by the desire by countries to usher in

a fresh approach in the fight against HIV and AIDS.

For this particular study, South Africa is one of the trial sites and there are already patients who are part of the trial and getting antibodies which are being infused into their blood to prevent HIV.

"This is a cutting-edge science. There is a lot of hope and expectation that these type of trials are key to the scientific step forward," said Abdullah.

If the trials succeed, this will put South Africa on the world map in terms of finding solutions for HIV.

Minister Motsoaledi said South Africa and the world have to move with speed to find an HIV vaccine, adding that vaccines are as important as the cure for AIDS.

Speaking during the conference, Deputy President Cyril Ramaphosa said since South Africa last hosted

Cont. page 2



R7 million investment benefits Bergville

Page 4



Tshwane empowers the youth

Page 5

A female farmer driven by passion

Page 8

ALSO AVAILABLE ON:



@VukuzenzeleNews

Vuk'uzenzele

Websites: www.gcis.gov.za
www.vukuzenzele.gov.za
 E-mail: vukuzenzele@gcis.gov.za
 Tel: (+27) 12 473 0179

Free Copy

Izakhamuzi zase-Jericho zithola amanzi



UNgqongqoshe Wezamanzi Nokuthuthwa Kwendle uNomvula Mokonyane, uNdunankulu wase-Nyakatho Ntshonalanga uSupra Mahomapelo, nongqongqoshe bezifundazwe ngenkathi kuvulwa Umklamo wase-Jericho Wokuphakela Ngamanzi Endaweni Yasemakhaya.

Gabi Khumalo

UMnyango wezaManzi Noku-thuthwa Kwendle wembule umklamo wamanzi ozosiza ukuphucula ukufinyelela kwamanzi e-Jericho, eNyakato Ntshonalanga. Umklamo wase-Jericho Wokuphake-

“Asikwazi nje ukwe-nzelela uma siletha izidingo kubantu bethu. Amanzi ayimpilo, ukuthuthwa kwendle ku-yisithunzi.”

la Ngamanzi Endaweni Yasemakhaya odle izigidi zamarandi eziyi-15 ube negalelo ekuthuthukisweni komno-tho wendawo futhi wenyuse namathuba okutholakala kwamanzi

emiphakathini yase-Jericho kuMasi-pala waseMadibeng.

Umklamo ubandakanya ukuhlelwa kwamapayipi, ukuhlanzwa, ukuhlo-lwa kanye nokumbiwa kwamapitsi, ukusungulwa kwawo amapitsi, kanjalo nokuxhunywa kwemithombo ephake-la amanzi kumapayipi aselekho-na kanye nethange elingumthombo.

Emcimbini wesikhumbuzo, unGqongqoshe Nomvula Moko-nyane Nondunakulu WaseNyakatho Ntshonalanga u-Supra Mahomapelo banikezele ngamaloli athwala amanzi, i-Water-on-Wheels kwabampofu. Iloli ngalinye lingamumatha amakhiloli-tha ayi-100 amanzi.

Ungqongqoshe unxuse amalungu omphakathi ukuba adlale indima yavo ngokuvikela ingqalasizinda ka-hulumeni okuhloswe ngayo ukuphu-cula izimpilo zabantu.

Kufanele sibhekane nabantu abantshontsha amavaluvu amanzi namaphampu amanzi. □

Utshalomali Iwezi-gidi ezisisikhombisa zamarandi luhlomulise i-Bergville

OMASIPALA BAKWAZULU-NATALI bayahlomula Ohlelweni lukahulumeni Lokuhlumelelisa Amadolobha Amancane.

Thandeka Ngobese

Utshalomali lukahulu-men i lokuqinisekisa ukuthi imiphakathi yasemakhaya iyakwazi ukuthola izinsiza seluholele esikhungweni sezinhlekelele kanye nesikhungo sokuhlo-lwa amalayisensi okushayela edolobheni lase-Bergville.

Uhlelo Lokuhlunyelelisa Kwamadolobha Amancane seluhlomulise omasipala abaningana kubandakanya Ukhahlamba KwaZulu-Natali (e-KZN). I-Bergville iyingxene ny yalo masipala.

UMnyango Wokwengamela Ngokubambisana Nezenda-buko (i-Cogta) sewuchithe imali engaphezu kwezigidi zama-randi eziyisikhombisa eku-hlunyelelisweni kwe-Bergville.

Ungqongqoshe Wesifu-dazwe (i-MEC) we-Cog-

ta uNomusa Dube-Ncube, endawonye noNgqongqoshe Wesifundazwe wezokuThutha Nokuphepha Emphakathi-ni uMxolisi Kaunda, usanda kwethula lezi zinhlelo.

U-MEC uDube-Ncube uthi nhlosongqangi Yohlelo Lokuhlunyelelisa Kwamadolobha Amancane ukukhulisa umnotho ezindaweni zase-makhaya nokusungula indawo ephephile nehlanzekile okuzoholela kutshalomali oluzinile, oluhehayo nokukhulayo.

“Ngaleso sikhathi imisebenzi yesikhashana iyadalwa ngokuphculwa kwengqalasizinda ngenkathi eminye imisebenzi ezinzile idalwa ngotshalomali Iwemboni ezimele okunamathuba okuthi Iwenzek. Bangaphezu kwama-40 abantu abasha abaphuma kuMasipala Ukhahlamba abaqeleshwa ukuba

yizicimamlilo. Bonke sebe-thole ukuqashwa okugcwele ngesikhathi kuvulwa isikhungo sezinhlekelele. Abasebenzi bezokuphepha, abahlanzi-zindawo nabo baqashwa.

Lo masipala ngaphambilini be-wuncika kuzicimamlilo ezivela kuMasipala waseMnambithi. Lokhu kaningi kuchaza ukuthi ukuphepha kwabavakashi kanjalo nokwezakhamuzi kwakunokuba sengcupheni,” kusho uDube-Ncube.

U-MEC uKaunda naye ubona lokhu njengenqubekelaphambili enkulu.

“Umphakathi manje usuzokwazi ukonga ezindlekweni zokugibela uya eMnambithi, ukuze uthole izinsiza manje esezi tholakala e-Bergville,” kusho u-MEC Kaunda.

Inkosi Menzi Hlongwane weSizwe samaNgwane uthbesese ngempela ngale ntuthu-



Isikhungo esisha sase-Bergville sezinhlekelele sizoqinisekisa ukuphepha kwamalungu omphakathi endaweni.

ko.

“Lokhu kukhombisa ngempe-la ukuthi uhulumeni wethu uzibophezele ekuthuthukiseni izindawo zasemakhaya. Asikaze sicabange ukuthi lapha e-Bergville kuyoze kube khona isikhungo sezicishamlilo angisakubali-ke okwesikhungo sokuhlolwa kwabashayeli bomgwaqo,” kusho yena.

Omunye wezicishamlilo uNompumelelo Mhlungu uthengenkathi eza ngalokhu kuqeleshwa umsebenzi wayemanqikanqika ukufaka isicelo, ecabanga ukuthi ngeke basibuke nokusibuka isicelo sakhe.

“Akulona iqiniso ukuthi ukuze uthole umsebenzi kuhulu-

meni kufanele ube nomuntu omaziyo. Mina ngangingazi muntu. Ngezwa ngethuba ngase ngifaka isicelo ngathathwa njalo. Uhulumeni nge-mpela usinikeza amathuba alinganayo njengabantu baseNingizimu Afrika,” kusho yena.

Usodolobha woMasipala WoKhahlamba uThulani Sibeko uthi le ntuthuko izosiza kakhulu ukonga imali kulabo abafuna ukwenza izincwadi zokushayela.

“abantu lapha bajwaye-le ukugibela baye eMtshezi noma eMnambithi kodwa manje sebezosebenzia lesi sikhungo esiseduzane namakhaya abo”. □

ITshwane ihlomisa intsha

Nosihle Shelembe

Umkhankaso weDolobhakazi lase-Tshwane i-Tshepo 10 000 uhlose ukuhlomisa abantu abasha. Ubandakanya ukuthuthukiswa kwamakhono ngokuhlonyiswa kosomabhzinisi abasafufusa nokuqeleshwa ekufundeni

ngezezimali kanjalo nokubunjwa kwemifelandawonye. Uhlelo liphinde luhlinzeke ngokutholakala kwamathuba okuthi kuthengwe kuwona ngohlelo lwedoloba lokuthengwa kwempahla nezinsizakalo nelokusekwa kwabantu ukuze kwenyuswe amazinga okuthuthuka kwemifelandawonye kanjalo nokuqinisekiswa uku-

sungulwa kwemisebenzi okuzinile.

Ngenkathi uhlelo lwethu-lwa ngoNtulikazi wezi-2013 idolobha lathola izicelo eziyi-zi-52 000 kuzona zonke izinda zaseTshwane, kodwa ngabantu abayizi-10 000 kuphela abakhethwa.

Ngokusho komkhulumeli wasodoloba weDolobhakazi

laseTshwane, u-Blessing Manale, imifelandawonye ehlinzekwe ngomsebenzi wobuchule sezakhe imisebenzi yenkontileka eyizi-2 662.

“Idolobha liphinde lahlinzeke imifelandawonye engama-279 ngamathuba esamba eziyizigidi zamarandi eziyizi-247 809 696.71,” kusho uManale.

La mathuba abandakanya ukuhlinzeke ngezimpahla kanye nemisebenzi yobuchule obandakanya ukugcinwa kwamaliba, ukuphawulwa kwemigwaqo, usizo lokuhlanza ezakhiweni zemikhndl, usizo lokucocwa kotshani, ukufakelwa kwamamitha, ukupenda nokulungiswa kwezakhiwo. ▶

Uhlelo lokuhlomisa ngamakhono lwaseTshwane lubhekiswe kubantu abasha

Nosihle Shelembe

Ngenkathi uNteseng Mogorosi eqeda umatikuletsheni ngowezi-2004 wayazi ukuthi wayefuna ukuzenzela ibhizinisi ngokwakhe, ngoba wayekholelwu ukuthi lokhu kuyomnikeza inkululeko.

Wabhalisa eNyuvesi yase-Witwatersrand ukuba afunde Iziyu ze-Accounting Science, kodwa, ngeshwa, akakwazanga ukuphothula izifundo zakhe ngenxa yezi-nselele zezezimali.

Ngenhlanhla leyo, isikhu-ngo sezamandla kagesi u-Eskom samnikeza ithuba lesibili lokufundela i-National Diploma in Financial Management e-Central Johannesburg College, ngohlelo lokuqeleshwa olwaluhlizenzekwa yilesi sikhungo.

Uthe uma ephothula izifu-

ndo zakhe ngowezi-2009 wathola ukuqashwa ngokugcwele njenge-accounts payroll officer kwa-Eskom.

Noma kunjalo, uMogorosi wayeseneupho lokuba nebhizinisi lakhe ngakho wasula emsebenzini wakhe ngowezi-2011 ukuze aziqalele ibhizinisi lakhe lezokuthutha.

Wathenga iloli, alisebenzise-la ukuthutha izimpahla eziya eZimbabwe zivela eNingizimu Afrika, kodwa ibhizinisi lawa ngenkathi iloli lakhe Libandakanyeka engozini yomgwaqo.

“Kwaba nefu elimnyama ngenkathi ibhizinisi lakhe liwa. Kwakungesinye sezikathi ezzimzima kakhlu empilweni yami. Kodwa, ngangingeke nganikezelangoba nganginengane okwakumele ngiyondle.

“Ngaleso sikhathi ngafunda

izincwadi eziningi mayelana nabantu ababephumelele futhi iningi labo lalike lehluleka kanye noma kabili. Ngangineminyaka engama-25 ngaleso sikhathi futhi ngangicabanga ukuthi ngangisenesikhathi eside sokwenza izinto ngoba ngangisemncane,” kusho uMogorosi.

Ngowezi-2013 wezwa ngohlelo lweDolobhakazi lase-Tshwane i-Tshepo 10 000 lokuhlomisa intsha ngamakhono nezinhlelo zosombhizinisi abasafufusa waligxumela lelo thuba walibamba ngezandla zombili.

Emva kokuba uMogorosi ephothulile ukuqeleshwa yena nabalingane bakhe ebhizinisini, ayehlangane nabo kulolu hlelo, bafaka isicelo sokubhalisa komfelandawonye owabizwa ngokuthi yi-Mokopu Group.

NgoNdasa wezi-2014,

ibhizinisi, elihlinzeke ngezinsiza zokuhlanza ezimbonini, uksikwa kotshani nokulawu-lwa kwezinambuzane kanjalo nokuhlinzeke ngemikhizo yokuhlanza, labhaliswa. Njengamanje liqashe abantu abayi-17 ngokugcwele kanye nabangama-60 ngokungagcwele.

“Inselele enkulukazi inhlangano eke yabhekana nayo ekuqaleni kwaba yimali. Kwaba yinkinga ngoba sassithi uma kungena i-oda yomsebenzi, Idolobha laseTshwane lilindele ukuba senze umsebenzi ngeyethu imali ekubeni thina sizo-khokhelwa emva kwezinsuku ezingama-30,” kusho uMogorosi.

Uphinde wathi abalingani bakhe ebhizinisini babeye baboleke imali kumalungu omndeni ukuze bakwazi

ukwenza umsebenzi owa-wucelwe ukuba bawenze.

“Ngenkathi siqala, ilungu ngalinye kwakudingeka lifake imali eyi-R100 ngenyanga ebhizinisini esasiyisebenzisela ukuhamba kanye nokunye okuhlobene nebhizinisi, njengokuthola isitifiketi se-BEE, kanye nokubhalisa ibhizinisi.”

Naphezu kwezinselele ezi-hambisana nokuqhube ibhizinisi, uMogorosi ukhuthaza intsha ukuba iziqalele amabhizinisi ayo.

“Uma ubuka iminotho enamandla kakhulu emhaben, iningi lemisebenzi kulawa mazwe ivela emabhizinisi amancane.

“I-Tshepo 10 000 iyisu eli-wubuhlakan ngoba abantu abanigi abajoyina uhlelo ngaleso sikhathi babengasebenzi futhi besafuna imisebenzi,” kusho yena. ▶

Ugesi osemthethweni emijondolo yaseGoli

Albert Pule

Abe-City Power, engaphansi kweDolobhakazi laseGoli, benza utshalomali lwezigidi ukuze banchipise ukuxhunywa kukagesi okungekho emthethweni ukuze baqiniseke ukusethenziswa kukagesi emijondolo nasezindaweni ezizungeze idolobha.

Umqondisi-Jikelele Oyibamba e-City Power uSicelo Xulu uthenqubo yokufakelwa kukagesi, ebandakanya ukufakelwa kwamamitha akhokhelwa ngaphambil, izobhekiswa kuyo yonke imiphakathi yemijondolo eyi-189 eDolobhakazini laseGoli. Imiphakathi yemijondolo leseyahlukaniswe ngamaqoqo



Abantu abahlala emijondolo bazofakelwa ugesi.

amatathu. Eyokuqala yileyo ezothuthukiswa yidolobha ngokushesha. Izobe isilande-lwa yileyo okuzothatha iminyaka eyi-10 ukuyithuthukisa kanjalo neqoqo lokugcina oku-yophethwa ngokuthi ifuduse-lwe kwenye indawo.

“Lena kube yimigomo ewu-

m 1 a h l a n d e l a e t h a-thwe yidolobha futhi ibekelwe isabiwomali esiyizigidi zamarandi eziyi-1.3 eminyakeni emithathu elandelayo yenqubo yokufake-lwa kukagesi.”

UXulu uthenqubo yezizathu ezisemqoka zokufakelwa ugesi

emijondolo ukunciphisa ingci-ndezi esikhungweni sikagesi sikazwelonek ngenxa yoku-xhunywa kukagesi okungekho emthethweni.

“Abanye babantu abakule mijondolo kade bazixhumela emalokishini aseduzane kanti lokhu kuholele engcindenzini enku kungqalasizinda.

“Konke ukuxhunywa kukagesi okungekho emthethweni kuzoqewa nya bese kuxhunyelwa abahlali amandla kagesi osemthethweni. Kuzokala ngamamitha bese beyaqala ukuwukhokhela.”

Kuze kube manje, i-City Power ifakele ugesi eSetswetla (e-Alexandra), e-Lolly Station (e-Lenasia), e-Princess Plot (e-Roodepoort) nase-Naren

Farm (eningizimu neGoli).

Kamuva nje, uMongameli Jacob Zuma uvule ugesi emakhaya ayizi-7 000 eThembelihle, e-Lenasia, eningizimu neGoli.

Umklamo weThembelihle ubize izigidi zamarandi ezingama-90 futhi kuhloswe ngawo ukuqinisekisa ukuthi umphakathi uthokozele ugesi ophephile ovela kuDolobha laseGoli.

Ngesikhathi sokuvulelwu kukagesi, uMongameli unxenxe nabanaye omasipala ukuba bafunde kulo mklamo waseThembelihle bawusebenzise njengezinga emiphakathini.

IDolobhakazi laseGoli ne-City Power baphinde bafakela ugesi kwizindlu ezingama-200 eHo-stela lase-Diepkloof eSoweto. ▶